

# Kudliwe izimpahla zezinkampani ezimbili ngesikweletu sentela esihlanganisiwe sika-R57-million

**Tshwane, 28 kuMandulo 2021** – Izimpahla zenkampani yokuhanjisa kwempahla ebikweleta uPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) imali engu-R39-million yezintela ezingakhokhiwe zidliwe yisikhonzi senkantolo kulandela isinqumo nomyalelo wePretoria High Court.

Inkampani ezinze eGauteng, i-Raptosec Logistics (Pty) Ltd, ibinezintela ebingazikhokhile obekumele ziye kwaSARS zamaphepha e-PAYE athunyelwa kwase kungenziwa nkokhelo.

Ithimba lakwaSARS i-PAYE Rapid Response Team lakhuluma nomkhokhaintela izikhathi eziningi kodwa lokho akuzange kusize ekwenzeni ngcono izinga lenkampani lokuthobela. USARS ube usukhipha incwadi yokuphoqeleta yokugcina mhla ziyi-7 kuNtulikazi 2021.

Kwelinye icala, isikhonzi senkantolo sidle impahla ye-Edison Power Gauteng (Pty) Ltd. Inkampani yezinkontileka zikagesi ibinesikweletu ebesisilele emuva sika-R18-million samaphepha e-PAYE athunyelwe ngaphandle kwenkokhelo.

USARS uhlinzeka ngengcaciso kanjalo nesiqinisekiso ukwenza kube lula kubakhokhaintela ukuthobela izibophezelo zabo ngokomthetho. Kanjalo, uSARS ucije amandla awo okuhlonza ukungathobeli nokwenza kumbe eqolo kubo bonke abakhokhaintela, kubandakanya nabaqashi, abangazikhokhi izintela okumele ziye kwaSARS.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uphinde waqinisekisa ukuzinikela ekuwusiphuneni nezimpande zaho umkhuba wokungathobeli owakhele kwajula ekusebenzeni kwezinye izinkampani.

“Nginxusa bonke abakhokhaintela, ikakhulukazi abaqashi, ukuba bayeke lomkhuba osondele kakhulu ebugebengwini uma bengasebenzisi ngendlela eyiyo izintela okumele ngokomthetho zikhokhwe kwaSARS. USARS uzinikele ekuqedeni lo mkhuba, kanti usufake izinsizakusebenza ezifanele ukuqinisekisa ukuthobela,” kusho uKhomishana uKieswetter.

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane nabakwaSARS [ku-SARSMedia@sars.gov.za](mailto:ku-SARSMedia@sars.gov.za)